# USARS UNXUSA ABAKHOKHINTELA ABAVULELEKILE UKUBA BATHUMELE AMAFOMU ABO EMININININGWANE NGENTELA YEMALINGENISO LABO NGAPHAMBI KOSUKU OLUNGUMNQAMULAJUQU LOMHLA ZINGAMA-20 KUMFUMFU

**Tshwane, 15 kuMfumfu 2025 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lukhumbuza abakhokhintela abavulelekile ngokuthi usuku olungumnqamulajuqu lokuthumela amafomu abo emininingwane ngentela umhla zingama-20 kuMfumfu 2025.

USARS wenze yonke imizamo ukwenza lula nokweseka inqubo yokuthumela amafomu emininingwane ngentela. Ngezinkundla zedijithali eziphuculiwe, i-*Auto Assessment*, kanye nosizo lwezingcingo olutholakalayo, abakhokhintela sebehlonyisiwe ukuhlangabezana nezibophezelo zabo kalula nangempumelelo.

Njengoba sekusele izinsuku ezinhlanu ngaphambi kosuku olungumnqamulajuqu, uKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter ukhuthaza abakhokhintela ukuba bathathe leli thuba lezinsuku ezisele bathumele amafomu abo emininingwane ngentela. Ugcizelele isibophezelo ngokomthetho sokuthumela amafomu emininingwane ngentela ngesikhathi futhi egcwaliswe ngokuphelele

UKhomishana unxusa bonke abakhokhintela ukuba bangalahli izibophezelo zabo zentela: ukuhluleka ukubuyisa amafomu emininingwane ngentela ngosuku olungumnqamulajuqu kuyicala elinzima, kanti ukungathobeli kungaholela ekubizweni izinhlawulo nenzalo. Njengengxenye yesu lethu esigxile ngalo ekukhuthazeni ukuthobela ngokuzithandela nokuphoqelela umthetho, uSARS uqoqhubeka uhlonze uphinde uthathe izinyathelo kulabo abangahlangabezani nezibophezelo zabo zentela.

UKhomishana uKieswetter uphinde wadlulisa ukubonga kubakhokhintela abangama-80% asebewathumelile amafomu abo emininingwane ngentela ngaphambi kosuku olungumnqamulajuqu lomhla zingama-20 kuMfumfu 2025. Lokhu kubandakanya nabakhokhintela abalinganiselwa kuzigidi eziyi-6 abahlolwe ngokuzenzekelayo baze bathola nezimali zabo ezibuyayo emahoreni angama-72. Lokhu kuzinikela ekuthobeleni kudlala indima esemqoka ekwakheni isizwe esikhonayo nasekuxhaseni

ngemali kuzinsiza ezibalulekile emphakathini. Kwenza umehluko ezimpilweni zabantu bethu abaningi.

Abakhokhintela abaningi balinda kuze kube usuku lokugcina ukuthumela amafomu abo emininingwane ngentela, benethemba lokubamba lolu olungumnqamulajuqu. Kodwa-ke, ukujaha kudala amaphutha, ukungathathi izinqumo eziyizo, ingcindezi engenasidingo, kanjalo nojenga olude emagatsheni akwaSARS. USARS unxusa abakhokhintela ukuba bathumele amafomu abo emininingwane ngentela besenesikhathi ukuze bezocabanga kahle ukuze bagweme amaphutha. Ukuthumela kusenesikhathi kuvikela abakhokhintela ezinhlawulweni kanti futhi kuqinisekisa ukubuyelwa imali, uma ikhona ekubuyelayo, ekhokhwa emahoreni angama-72.

Njengoba sekusele izinsuku ezinhlanu kuphela ngaphambi kosuku olungumnqamulajuqu, abakhokhintela abavulelekile abayi-7 900 531 sebewathumelile amafomu abo emininingwane ngentela, kanti kusasilele angaphezulu kwayi-854 408. Kunyaka wentela wezi-2024, bangaphezulu kwezigidi eziyi-6.7 abakhokhintela abavulelekile abathumela amafomu abo emininingwane ngentela, kubalwa nalabo abahlolwa ngokuzenzekelayo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SarsMedia@sars.gov.za.
IYAPHELA